School of Economics
University of Cape Town
Private Bag X3 Rondebosch 7701
Ucingo: 27 21 650 5696
Ifeksi: 27 21 650 5697
23 Novemba 2007

**Kuloyo Ofanele Ukuthola Imininingwane**

I-Southern Africa Labour Development Research Unit (i-SALDRU) eseNyuvesi yaseKapa iqalisa uhlolo olusha lukazwelonke i-**National Income Dynamics Study** (i-NIDS). Lolu hlolo luzocwaninga ngemininingwane yokuphila ngokuhlukile yabaseNingizimu Afrika, izakhiwo zemizi yonke nokuthi lezi ziguquke kanjani ekuhambeni kwesikhathi. Ngokuhambisana nalezi zinhloso sicela umuntu ofanele omdala emzini ukuthi aphendule iphepha lemibuzo eliphathelene nezemizi elibuza ngabahlali kanye namanye amalungu omndeni. Sizobe sesicela ukuthi umhlali ngamunye ongaphezu kweminyaka eyi-15 aphendule iphepha lemibuzo kanye nomzali noma umnakekeli ukuba aphendule iphepha lemibuzo elifushane eliphathelene nengane ngayinye emzini. Ezinye izinto esizozibuza ukuthi amalungu omndeni aye kuyiphi indawo, izinga lemfundo yabo, ukuthi baqashwe kuphi, ezempilo yabo kanye namaholo, izindleko kanye nempahla esemzini. Sizolinganisa ubude babo, isisindo kanye nokushaya kwegazi kwabo bonke abahlali bese sibanikeza ikhadi elinalolu lwazi.

Ngo-2008 imizi esemphakathini wakho izawuba yingxenye yemizi ecishe ibe ngama-8 000 kanye nabantu abangama-32 000 ncamashi eNingizimu Afrika yonke esizobabuza imibuzo. Umsebenzi wangaphandle wohlolo uzoqala ngasekupheleni kuka-Januwari ka-2008 sizokuqhubeka kuze kube nguMeyi ka-2008. Sizoqhubeka sixhumane nawe emuva kohlolo ngoba sizothanda ukukubuza imibuzo futhi esikhathini esiyiminyaka emibili kanye futhi nasesikhathini esizayo. Ukuphinde sikuvakashele kusisiza ukuthi sibone ukuthi isimo sakho sokuphila siguquke kanjani ekuhambeni kwesikhathi. Uma sihlanganisa ulwazi lwakho nolweminye imizi sizokwazi ukubona ukuthi yini okusiza abaseNingizimu Afrika ukuthi baqhubekele phambili nokuthi yini okubabuyisela emuva maqondana nezomnotho.

Amazwe amaningi athuthukile nasathuthuka anezinhlolo ezinje ngoba zisiza kakhulu ekunikezeni ulwazi olusizayo ekwakhiweni kwezinqubumgomo. Kodwa, lolu uhlobo lohlolo lokuqala olunje lukazwelonke eNingizimu Afrika. Ngakho-ke loku kuyingqalabutho yento ejabulisayo nesemqoka kakhulu. Umuzi wakho ukhethwe ngokwesayensi ukuthi ube esampulini yethu yemizi. Ngakho-ke ukubamba iqhaza kwakho kusemqoka kakhulu futhi sikwazisa kakhulu.

**I-Development Research Africa** (i-DRA) iqokwe ukuba yenze umsebenzi wangaphandle (i-fieldwork) iwenzele i-NIDS. Phinda futhi usivumele ukuthi sisho ukuthi sizalujabulela kakhulu usizo nokubambisana nathi kwakho ukuqinisekisa ukuqedwa kwalo msebenzi wangaphandle nalolu cwaningo olusemqoka ngempumelelo.

Uma ngabe udinga ulwazi olwengeziwe ngalolu cwaningo ungaxhumana nemenenja yephrojekthi ye-NIDS, uNksz Sihaam Nieftagodien, lapha 0800 11 NIDS (6437) noma uMnu David Scott e-DRA lapha 011 807 1194 noma uvakashele iwebhusayidi ethi-: http://www.nids.uct.ac.za.

Ozithobile

USolwazi Murray Leibbrandt
Umqondisi we-SALDRU kanye Nomphenyi Oyinhloko we-NIDS